Isifundo seSikole seSonto

Ese XII. March 23, 1919

UISrael uxwayiswa ngokubuyelana nezita. Joshua 23:1-6.
Otisha mabafunde nesahluko 24.
ISITATELO:-"Qina um'isibindi." Joshua 1:6.

Asikafundi sicikilishe yonke indaba yenkambo kaJoshua. Akudingekanga njengakuMoses. Kepa ake siti fahla libe linye ukubonisa indhlela lamadoda amabili asebenza ngayo kanyekanye ukufeza umsebenzi kaNkulunkulu. UMoses waketwa ukuba ahole abaISrael abakipe ezweni laseGipita abasuse olakeni lukaFaro, abadhlulise ehlane iminyaka engamashumi amane yobunzima baze baye bafika emnceleni yezwe lesitembiso. Wabafundisela inhlalo abazaku yihlala ezweni lesitembiso. Esewufezile lomsebenzi omkulu uNkulunkulu wamtabata wamzisa kuye wamisa omunye, uJoshua ozuhola isizwe asingenise ezweni lelo afike abakise kona. Umsebenzi omkulu kaJoshua kwaku ukunqoba izita zaseKanana asize uIsrael ukuba atole ukugxila agximekeke okokupela ezweni lazo. Isikati sikaJoshua sasi ukuhlala ngokulwa nokutula njalo kwelamana. Kepa wawenza umsebenzi wake wawupeta. Siyabona lapa ukuba uNkulunkulu yilowomuntu umabele umsebenzi oqondene naye, uketa umuntu womsebenzi otile.

E, uma umuntu ehlala ngokuzwana noMoya kaNkulunkulu uyaubonisisa kahle okuyiwona msebenzi oqondene naye embusweni kaNkulunkulu, noma ukushumayela nokufundisa nokulungisa izicatulo, nokuba yisisebenzi, nokulima, noma kungaba yini.

E, singaye sibuze ukuti uNkulunkulu wayenza ukulunga yini ukuba akapele abaIsrael ukuba baxoshe babulale amaKanana kanjeya. Kusobala ukuti kwabe kuyintando kaNkulunkulu ukuba amaKanana ahlulwe ngabaIsrael nezwe lidhliwe abakwaIsrael. AbaIsrael ngamaputu nokuwalazela babevama ukweqisa ngolaka futi bangabi nokubhekela okwakufunwa nguNkulunkulu. Kufana notisha ocopelelayo okuti ngoba uMhloli ufuna ukuba afundise abantwana ukulalela bazipate ngomteto wesikole abese eti lapa efuna ukuba balalele eqise ashaye kakulu ngoswazi kunokufanele.

E, nalapa kuyabonakala ukuti nakubaIsrael kwakunjalo. UNkulunkulu wab'efuna ukuba balidhle lonke izwe kepa yena waevama ukwenza ngolaka olweqileyo emfanelweni Kepa uNkulunkulu wabona ukuti ngenxa yombuso wake kuhle anqotshwe amaKanana ngamaIsrael. Babe yizizwe ezingabaHedeni ababe ngasoze balela ekushumayeleni kwabaIsrael ngoba babe namatongo akubo obuHedeni. Ngako uNkulunkulu wabona ukuti kufanele ukuba isizwe sake sibe nezwelaso, kuze kufike isikati lapo abahedeni sekupelile ukukolwa amatongo abo sebengahle balalele ukushumayela kwabaIsrael njengoba kwaba njalo mdhla uPaule eshumayela uJesu kwabezizwe. Kwakudingeka ukuba kucindezelwe pansi uhlobo olubi ukuze kusale uhlobo olucocekileyo.

Inxa umuntu efuna ukuba nomhlambi wezinkomo zohlobo uye ayipatisise kahle inkunzi yake yeketelo yohlobo nezinkomazi, azibulale noma atengise ngazo ezingapele mkuba aze abe nezinkomo zohlobo. Njalo uNkulunkulu waze wenza loko ukuze bonke bagcine ngokupelela ekukonzeni yena.

E, esifundweni sanamhla sibona uJoshua ezaukufa ebiza abaholi bezizwe ebayala ngokubavelelisa. Ubakumbuza ukuti uNkulunkulu usezixoshile izita zabo. usazauzixosha njalo, kepa uyabaxwayisa ubabamba ngendhlebe ukuba baze bangenzi zivumelwano nalababantu kepa bahlale bezicocile funa idungeke inkolo yabo Inkunzi yohlobo nezinkomazi zohlobo maziklabe zodwa zingaluki nezinye tafeni linye. Ningenzi sivumelwano nobubi.

Lesi yisifundo esikulu kitina esikona namhla. Sesiqubekele pambili kunabaIsrael, akushiwo kiti ukuti masixoshe abaHedeni sibakipe ezweni, kepa noko siyayalwa nguJesu Kristu ukuba sishumayele izwi kubo silinge ukubapendulela kuYe. Kepa masingabadedeli babe yizitiyo nezife kiti, babe yiziswebu ezinhlangotini zetu nameva emihlane yetu (V. 13) ngokupuzelana nabo utshwala, nangokukolwa kanye nabo ezenusini nobutakati njengoba benza, kepa sibe nokukolwa okupeleleyo kuJesu Kristu, nangokulobolisa, namaKonsati etu siwenze abe ukusina kwabaHedeni, nokunika imali yetu abameli esikundhleni sokuhlalisana kahle nabantu bonke, sinikele iminikelo kuJehova nangokwenza imikuba eminye eminingi ebukeka imihle ifanele kumZulu ongapendukile kepa eyihlazo kumZulu oNkosi yake ayisibo ubuntu kepa nguJesu Kristu.

Masixwaye makolwa akiti hleze ulaka lukaJehova lusivutele njengoba kwabuye kwanjalo kuIsrael ngemva kwaloku ngoba benza isivumelwano nabahedeni. (V. 15-16.)

I RHEUMATISM.

Sewake wasilinga nje isigcobo sikaChamberlain sobuhlungu uma uneRheumatism? Inxa ungakasilingi ucita isikati ngoba ngokuhlala kade kwesifo lesi kuba lukuni ukuselapa. Funa igabha lawo nemhla usihlikihle kakulu lapo kubuhlungu kona uyomangala futi utokoze ngekefu oyolitola. Sitengiswa yibo bonke abatengisi.

Intshumayelo yoMbishop Colenso, uSobantu.

EGCWELE UMUSA NESIMINYA. JOHN 1: 14.

Ngokwamakasi nje alotshiweyo kuncane esingazifanekisela ngako ngaloko kuhamba okwakanya ngokucacileyo kuveza ubuYise ebuntwini, okung'okokuba abonele kuko amaKristu onke amadala namatsha ukuze nati sibe ngabantwana bakaBaba wetu osezulwini, e sibe amadodana namadodakazi eNkosi uSomandhla. Sinazo kambe izincwadi ezine zezi-Ndab'ezinhle, kepa nazo lezi azipelele eyesine (okutiwa ekaJohene) yalotshwa sekudhlule iminyaka elikulu elivayo emva kwezindaba ekuluma ngazo Zalotshwa emva kwezikati ezide ng'esingabaziyo. UPaul iNxusa noma abhala kangaka, noma kungati wab'ehlezi emzini wase Jerusalema uqobo lwawo, inkosi isand'ukubetelwa kumbe isizakubetelwa, kasitsheli nolulodwa uhlamvu az'azela lona ngokwake emazwini nasekwenzeni kukaJesu, ukupela elokuti ukupana kuhle kunokupiwa", olungeko kwezinye izincwadi. Nabo oJakobe noJohane noPetro amaNxusa ababefunda kuye uJesu ngempela, belandela ezinyaweni zake beyiloku belalela bezwa ukufundisa kwake, nabo abashiyanga nokungangaloko kuka Paul. Abapatanga nolulodwa uhlamvu, ababelutolile lupuma ezindebeni zomlomo weNkosi yabo olwalujulile ezinhliziyweni eziyitandayo; abapatanga nakunye ukwenza kwayo ababekubone isahamba, kunaloko esilondelwe kona yizincwadi ezine zeziNdab'ezinhle pezu koba yaidhla indaba nabo imihla ngemihla bebona ubukosi bayo kungubukosi b'ozelwe eyedwa kaYise egcwele umusa nesiminya.

Kepa nakuba okwapambili kuya ngokunyamalala, nezwi elilotshiweyo libonakala sengati liyazega lapo lipenyiswa ukona umfanekiso wobukosi obupeleleyo nensobi esidale ngako sonke tina esadalwa saba negqondo nenhliziyo, singabantwana bakaNkulunkulu. Ukona lomfanekiso pakati kwetu sonke kulowo nalowo. Sonke siyazazela ngamhla sipambene sifulatelene noNembeza wetu, siyazi ngitsho ukuti abantu besiminya abesilisa nabesifazane, bafanele ukuba babe njani, nokuti ekuhambeni konke nasekwenzeni konke kwesintu imihla ngemihla kufanelwe kuvezwe ubuntu obuyibo bamadodana namadodakazi oqobo akaNkulunkulu awatandwa nguye, kuze kuhlalukiswe lapa emhlabeni kancane njengamandhla etu abuhle nobukosi buka Baba wetu osezulwini uNkulunkulu kakulu umuntu walabo abanjalo abangofakazi abezwayo ngitsho walabo osekwahluma kubo umfanekiso kaNkulunkulu kwavela ekuhambeni kwabo nasekwenzeni kwabo kwemihla kube yiloku kuhambile ngokwanda njalo ezizukulwaneni ngezizukulwana, kuze kuti mhlaumbe tina banamuhla sibe nokwazi nokuzwa kunabaningi ababe ngamaKristu amakulu ezikatini ezipambili ukuti yikupi okusifanele tina sintu ngitsho inhliziyo nobuntu nokwenza okumfuzayo yena uKristu, okumfuzayo uNkulunkulu, umfanekiso walendodana etandwayo uYise ename ngayo ulotshisiswe kubantu bonke.

Lomfanekiso womusa nesiminya owavezwa ekuhambeni nasekufeni kukaJesu, abanye mhlaumbe abakakuboni ukuba bangawutanda, abanye kunaloko bangatusa ukuhamba kweqawe elilambele izindaba ezigcwele izingozi, ezidhlula wona amaqawe ngoba zilambele ukubona nokwenza isiminya esingaziwa. Labo kodwa asebeke babona kanye ngamehlo enhliziyo kambe, ukupelela kwobuKristu,—okung'okwokuti ukumtanda uNkulunkulu eku'bantu okukona kuye konke ukutanda kumuntu wonke okufuza yena uNkulunkulu—ukumtanda yena umuntu ngoba engumtakaNkulunkulu—loku'kutanda ukuzitelekela ngokwako ngokwenza okufaneleyo nokokuzidela. Labo asebeke bakubona kanye loku bayakuzwa ngempela ukuti yiloku ukuhamba ekonakona emhlabeni. Okunye konke ukuhamba kw'eyeme kuko nokuti nako ukuhamba okupeleleyo kwesintu okungazanywa nangumuntu, wonke nayilowo obutakataka kunabanye bonke yikona okuqukete konke ukufundisa okungokwobuKristu, isipeto nokuqondwe ng'ukutemba konke kwesintu ngaye uNkulunkulu, ngitsho ubukosi obunjengalowo ozelwe eyedwa kaYise, egcwele umusa nesiminya.

Kukona kukon'impela ukutemba kwamandulo kanye kuqinisekile kumhlope cwe, okunhliziyo ingaguqukiyo noma kubonakala ngezindhlela ezisigidigidi okufinyelela ekuquketeni ukutemba konke kwesintu, ukutanda uNkulunkulu ngitsho kuqanyiswa ukutanda abantu.

Izwi esilihlafunayo liti "egcwele umusa." Siyazi ukuti ababepete izikundhla ezikulu, izitakazelo zabo zazifeketiswa ngalo lelogama. Tina namuhla siti "Nkosi yamakosi" kanti ezikatini ezingapambili kwakuvame ukuba kutiwe "Wen'omuhle" Ah! kambe abampofu nabacindezelwayo mhla babekala becitshe bangabi natemba bekalela kodwa ukusizwa ukukululwa beti tshwele ukuba keba yekwe bapefumele bahambe isikatshana emhlabeni loku amandhla ab'es'esandhleni sababahlupayo bengenamluleki bona, babeyakubona ngokujabula okungakanana ukuti leso'sitakazelo sasi isiminya sasitembeka!

Isaqutshwa.

Opendula uNgwenya

Mngane,—Ngivumele ngipendule uMr. Ngwenya ngencwadi yake epume epepeni lika 21st Feb. Uti uma engisola uMr. Ngwenya ngenkulumo yami akangisoli ngamazwi ami futi ubonakalisa ukungigquba ungibambhe ngempamulo. Uyabona mina Mr. Ngwenya ngiyindoda angilixoki, umuntu angimsoli ngasese ngimtyela emadhlebeni ezwe wena uti ngimsolelani uMafukuzela. Uma into ilunge kuwe ilunge nakimi? Uti ngiyatobezela. Wena uti angisole ngaukanye uma mina ngibona kwenakele ndawo zombhili? Wena utokoziswa ukuba kusolwe Abantu-Batho lingasolwa iLanga uma liposisa ngoba kunge lakini eNatal? Ubudoda ilobo kuwe? Uyabonake Mr. Ngwenya ngifuna ukukutyela ukuti uma ngiti uMafukuzela ngiyamsola ngoba upikisa iningi ngisho ngomteto wezinhlangano ukuti kunquma ivoti, ivotike yamehlulake uMafukuzela akufaneleke aqulusele loko ose kwanqunywa noba sibona ukuti wayala into yokwaliwa kepa sizotini sekweqiwa njena? Into eyayifanele uMafukuzela iyona leya eyazwakala ukuti wayengavumi yena, lokoke kwese kwanele kubantu kunokuba kube iyona ndaba ekona epepeni. Kumbhula ukuti nangesikati kuwela yena ipepa okwakutiwa uZwelakiti lalibambhelele pansi lisho zonke izinto lezi noko abantu bayikipa imali. Mina angisoli into yokuti uDu'e wafelani kodwa ngisola into yokuba avimbele abanye uma benza, ngiti kwakwanele kuye ukuba abikele abantu ukuti mina angizwani nalento ngezizatu ezitile azitul le ayeke ukuti ab suyikipa abantu imali. Wena futi ungiliuganisa noNtuli. Uyangihlafunela uti ngiti uMafukuzela utengisa ngati Uyabona Mr. Ngwenya anokuluma niyibhekele enye indoda ningahlofi nje. Kuhle ulalele amazw'ami. Futi wena uti ubhaliswa ukutukutela. Uyabonake Ngwenya wobhala uxolile ngelinye ilanga kona uyomuzwa umuntu lapo eqonde kona. Utini? Uti ngikulumà ngokungahlonipi? Api amazwi ami aqonde ukudelela uMafukuzela? Kwati ngoba uMafukuzela ungumuntu omkulu waketelwa futi ukuba uMpati wetu kwetiwa kakusobe kusasolwa ngezinto azenzayo, konke sekulunga nje? Mina ngiyetembha ukuti uMafukuzela uyangizwa into engiyishoyo futi uyatanda ukuzwa imiqondo yabantu ukwehlukana kwayo kona ezosebenzela pezu kwento ayiqondayo. Aka njengawe wena oti akugqitshwe imiqondo yetu tina esisolayo kuvele eyenu kupela ngoba anisoli. Siyobona kanjani uma sizoti siyakuluma bese sipendulwa ngezwi lokuti asihlonipi? Mina ngiyabona ukuti uAbantu-Batho uyaposisa ngimsola ngokwake noDube ngimsola ngokwake Uyabona Mr. Ngwenya ngifuna ukakutyela ukuti kobe angindoda angicabangi uma iNatal ingehlukananga noNational Congress kwaze kwapela unyaka uma kuqutywa ngaloluhlobo. UAbantu-Batho uyena esepete uNational Congress izinto azikuluma ngeNatal zihlasimulisa umzimbha Noyisilima, uyabona. Mina ngiyamsekela uJohn Ray Msimang epepeni lika 28 kwamanye amazwi ake.

Yimi,

J. M. MCUNU.

OBHUBHILEYO.

UMrs. Mantombi Sifile Nzuza wase-Esidumbini ushonile ngomhla kaMarch 3, 1919. Ushonele eTekwini lapa ebeye kobona udokotela. Wafike eze ngesinye isifo ebesimkataza emzimbeni. Wafika wadutshelwa umkuhlane omkulu. Wamdumela izinsuku ezi u 7 kupela wamanela ngoMsombuluko esibhedhlela ngo 2 ntambama. Ungcwatshwe ngo 10 o'clock. Wonke umsebenzi ubupetwe aoMessrs Adlam & Reid, Undertakers. Izihlobo mazaneliswe ilombiko.

Yimina,

SIFILE NZUZA.

Imfolozi.

(Ku Mhleli we "Langa.")

Mnumzane,—Ak'ungitshaye ngebalana ngibuze libe linye kuwe'mnikazi kasi.

Kwelang'elidhlule isonto ohleni olupete Ezindala zabakwa'Zulu ngifica kabili nomFolosi "okungukuti umbhali walezo'zindaba uti lowo'mfula umFolosi ibizo lawo."

Mina-ke ukuzwa kwami kukulunywa ngalowo'mfula (mhlaumbe ngayo yombili ngoba kukona emhlope nemnyama) ngayiloku ngibambe elokuti, "imFolozi" izimFolozi, "imFolozi emhlope," "imFolozi emnyama." Sengati kungavela mqaqi oqaqayo, oke wayipuza leyo mifula emibili.

Uze usibongele kulowo muumzana uM. M. Fuze. Utsho ulimi olumnandi olunambitekayo lwesiZulu. Wona nje ngokuvela ati gqwabagqwaba uGasa kaLubele, umNgena'zixakaxolo kuti vumbulukiyane ezimnandi nezihwaqabalisayo.

Yimi,

OFUN'ELIYILO.

UMUTI WESKOMOLOLO.

Lungisa isisu leso esibi ngokuginga ingcosana yezinhlamvana zikaChamberlain, ibese ukudana loko nokudikibala kunyamalalisa okomlingo. Angumuti uqobo wokwelapa iskomololo. Atengiswa yibo bonke abatengisi.

The United Native National Association of Commerce & Industry.

Bakiti isikati sifikile. Lapa uMoses walikipa izwe ebugqilini akalikipanga ngokukuluma kodwa wenza izindhlela namasu okulikulula lapuma ezandhleni zika Faro.

Yebo kukona ukukulula isizwe ngomlomo nangezikali kanti ke konke kubuswa imali konke kwenzeka ngenxa yemali. Siyabona uCongress uyasebenza kakulu kodwa unjengomuti ohlumi le kanti izimpande zawo zidhliwe umswenya koti ngesikati kulindelwe izitelo kubonwe usuvutuka uwe. Kepa namhla silungele ukubonisa enye indhlela yokukulula isizwe ngapandhle kukaCangress noma selekelele uCongress ngalendhlela. NgingumNatal ngemvelo ngite ngikula ngangibona esinye isizwe esimpofu sihlupeka njengesakiti futi sona sisebenza ubugqili bweminyaka emihlanu (5 years' contract) ununtu wendoda nomkake ngemalana encane u 10s ngenyanga kute lowo oseqedile wafuna ilungelo lesizwe. Abenzanga uCongress bahlanganisa izimalana zabo ndawonye, abatenganga mhlaba bengatumanga namanxusa kodwa baqala ukufaka izitolo kuwo onke amagumbhana eSouth Africa abanye batenga betengisa kute nje ngeminyakana eyingcosane wetuka umlungu esehambha ngekalishi nabo wabona sebekwele awabo kute kusenjalo wetuka umlungu esetengs kubo. Manje akuko ilungelo abangenalo embusweni weNyonyana. Kepa tina sisahlupeka nemiqondo yetu eminingi esilinga ngayo kodwa ingenamapiko okundiza okuti ngenxa yokuswela amapiko sibe iloku sinhlakanhlaka nje ngendhle yomtini. Nangu ke omunye uCongress wesibili. Asihlangane sonke tina sizwe esimnyama sivule inkampane enkulu yesizwe sisebenzelane sodwa setembhane sincintisane nabelungu nezinye izizwe ezikuleli lomdabu sibone ukuti ilungelo letu aluvela na? Futi uma lingaveli sohlushwa yini.

Yebo ngiyazi ukuti abazulitanda leli sn letu ngenxa yokushona asebeshona ngako ezinkapaneni. Kodwa indoda ayifi ngamkonto munye.

Nabelungu ubabona behamba ngezi timela nje zati zivela base bashoniswa keningi besalinga imiqondo yazo kwaze kwati abavela namasu okugcina baze nza zaqeda umhlaba.

Kunjaloke nawe woshona kodwa uma uqinisela ekugcineni wokupuka ukulu lwe na ezinye izizwe.

Kusile muntu onsundu puma ebum nyameni.

Yimi,

R. MDIMA.

Roodepoort Location.

Lungela Ukulwa

Imvelo ihlala ilwa sonke isikati uku ba sihlale sipilile. Ngenhlalayenza ama ndhla empilo angapakati kwemizimba yetu atobezela pansi amagciwane esifo. Kawaxoshwa apele, kepa ati ukudina anqunywe amanqindi ukuba angabi na ngozi.

Ngokungaqikeleli okuncane ekudhle ni kuye kwonakale isisu; mhlaumbe ukusebenza ngokweqisa nokunakana kuye kudunge imizwa, ibese igazi liba luhlweza avuke amagciwane ahlala eko na azibonakalise. Igazi lilwa izimpi zomzimba. Inxa umuntu etola ingozi nalapa kuba kona ukugubelana nokushisa, kuleyondawo liyisa ngokushesha oku yikona kudingekayo ukwaka uma lina ko. Kepa inxa igazi lilulhlweza nalo alinawo lawamandhla.

AmaPink Pills kaDr. Williams angu muti wamandhla onika igazi kona loko okudingekayo kokwaka izilwebu, uhlu melelise imizwa ukuba ibuye ihlele ka hle ukudhla, ishise ubuti obusegazini. Ngalendhlela yokwaka igazi ayasiza ekuqaqambeni kwamatambo, neNeuralgia, neSciatica, neLumbago, neNeurasthenia noZwela, neSt. Vitus' Dance nasekupapatekeni kwezindhlela ezinigi.

Umtengisi wakini uyatengisa ngama Pink Pills kaDr. Williams noma kona ngqo kwaDr. Williams' Medicine Co., Long Street, Cape Town ngo3s. 3d. ngegabha noma ngasitupe ngo18s. iposi ungalikokeli.

ISAZISO.

Kuyoba kona umhlangano wabashumayeli bakwaZulu C. C. ngoApril 11 19, ngolwesihlanu lapa eDurban. Uyongena ngo 7 o'clock kusihlwa (7 p.m.)

S. P. MAJOZI Unobhala.
Rev. B. M. DUBE Umfundisi Z. C. C.
Native Location,
Depot Road,
Durban.

UKUHLAMBULULA OKUNGASAPELI.

Uzinge uhlambulula? Ake utulise izinsukwana, uma kungenzeka ulale embedeni, ukete ukudhla, ubese upuza okaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula. Lomuti kade wawelapa abahlala behlambulula kungasapeli, nokwase kwahluleke izinyanga, uyokusindisa. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Indaba yokutumela ama-Nxusa Pesheya.

Ngivumele ngisatanda ukuyingena kakulu lendaba. Ikoloni seize yahlangana kabili emva kwenhlangano kaS. A. N. N. Congress eyaihlangene lapa eGoli ngo 16 December. Ikoloni ilungisa izindaba zakona mayelana nokutuma amaNxusa. okubonakala ukuti ayaneliswa yisenzo sika S. A. N. N. Congress. IFree State nayo isihlangene nayo ukulungisa ezakona izindaba. Nayo sengati loluketo ayizwani malo.

Elakiti ke lipi lona. iNatal itule nje itini ?Njengoba iNatal yalimemezela emkandhlwini kaS. A. N. N. Congress ngoDecember lo odhlule elaseNatal izwi ngabatunywa baseNatal ukuti iNatal ainalo izwi namhlanje elaseNatal lopuma ekaya seyike yahlangana yahlela kahle okwaseNatal nakwaZulu zinto sezimaxapaxapa nje iti yolikipa elayo izwi sekunjani? Sekuze kwalimazeka na? Tina silinde leyonhlangano ukuba ibizwe yaseNatal sizilungisele ukwehla ngalolosuku. Ayimenywe kona manje. Kuyalimazeka impela.

INatal ihleli pezu kwelungelo layo ukuba yenze elayo ilizwi ngoba yahle yazivutulula kona mhla mnene yatyikona lizayo elayo ilizwi. Nibanjwe yini ke? Memani umhlangano ngokutshetsha kwenziwe okwenziwayo. Niyabona Zulu izinto zizasoloko zinige ja uma nxatshana uSolomon kaDinizulu nenza sengati amuko animazi. Loludaba bekungafanele luze luhambe kangaka kungabiko maNxusa asetunyelwe kuyena wabikelwa noZulu wahlangana. Sifuna ayichele okaSenzanga kona. Lungisani Mafukuzela ninoMini ake ulahlwe pansi lowo Mququmbelo wenu uyasilimaza tina Zulu asiufuni nezé. Yenzani okungcono. UMafukuzela ngoNxusa elikulu lalendhlela yapesheya makahambe aye kwaZulu aye kubikela iNkosi uSolomon ukuti sesifikile isikati engasitsho kwaba mhlope pesheya ngati ngobuyela ngaso ekupeleni kwempi. Kuhle izindaba ziqale kuSolomon zizokwazi ukuhamba ngendhlela yazo. Sekwe puzekile namanje. USolomon akasiye wokutunyelwa izincwajana uma kube kwa udaba lwesizwe kuyena. Akusu swe amadoda empela azokwazi ukupe ndulana nobukosi bakwaZulu. Futi igama lika Mankulumane asilo lokuga gulwa nje lingasukeli eNkundhleni yakwaZulu. Niyabona nje ukuti sipe ndulwa amabhunguka empela angase nawo nomuya.

Ibuto leli lama "Hai kona" liqapele ni kude lapo lonitshonisa kona Cetywayo, noti netuka bese nikolwesabekayo udonga.

Utsho njalo uMNGUNI ONGADHLI NHLANZI.

(SAUL MSANE.)

Kungati.

(Ku Mhleli we "Langa.")

Ake ngihlinze nami kulenkomo ehlinzwayo ngamadoda nokuba ngingebani, ngishoke mayelana neS. A. N. N. C. ngoba kungati iyaciteka ngokungezwani kwamadoda. Kungati iFree State ihamba yodwa neNatal kungati namaProvince atanda ukuzimela odwa, kungati kukona ukusola ipepa Abantu-Batho nabaholi baseGoli, kungati bapuma esipolweni ngoba ukona umlomo kaCongress uMongameli kaS. A. N. N. Congress, kungati kutiwa utuleleni yena engabeki elake kuzwakale, kungati buyaciteka ububende bucitekela ezandhleni zake. Asazike ngoba naye yindoda. Kungati izindaba zeCongress zibanga ikanda, kungati mina ngingebe ngisazizwa ngoba zingangona ikanda ngise mncane. Kungati zilingene amadoda asebucopo bulukuni. Ngangitanda nokuba yilungu kodwa manje ca, kungati lizokufa igula litele abantu ngamasi. Ngiyesaba kungati ngingabuyela ecaleni ngingatelwa ngamacapazelo. Sebekona yini abaholi besizwe esimnyama? Kungati abakabiko, asazi njalo nokuba yikupambana kwezingqondo zetu ngokuba sisebancane Okwabelungu kuyamangalisa ngoba bazenza abantu abalungile balwela inkululeko kanti akunjalo.

Kungati uMr. Selby Msimang wase Bloemfontein ubanjiwe ngokukulumela abantu. Kusapinde sona saseGoli sabaholi kulusizi kakulu loko.

Kungati kudingeka amanxusa aye hambe kona kuqala ngo 1914, kuti noma kufakwa abanye kungabicala kodwa bangabi baningi kakulu kuyiwe kona lapo bebe kona kuqala eEngland. Kungati uZulu ufuna ukuba umnikelo wabo upindele kona emakaya, bati akuko nkwali epandela enye. Soyicela ivutiwe. Akulibambe amatomu kona lapa Mhleli.

N. J. N. MASUKU.

Germiston.

KUFUNWA.

Abantu abam'balwa bokusebenza emgodini.

Iholo: £3 ngenyanga..

Abaganiweyo banikwa izindhlu namasimu abatanda ukwaka. Kukona isikole lapo kungakokwa luto.

Kuqashwa abanezimilo kupela.

Yanini ku

Manager,
Wessels' Nek.

Ukuhlasela kwabelungu-kwaZulu.

(M. M. FUZE.)

(Iqutshwa kwelika Feb. 28.)

Futi loko'kusho kade kwaqala kusekona naye uyise uqobo owati azi kahle ukuti inkosana nguCetywayo yedwa, yadhlula yavuma ukuba kubekona umbango pakati kwake noMbuyazwe owazalwa nguMonase wakwaNxumalo, owab'ekade engumndhlunkulu kaTshaka, inganti uCetywayo uzalwa nguNgqumbazi wakwa Zungu owalotsholwa nguTshaka uqobo wamlobolela yena umfo wabo uMpande owabe aziwa nguZulu wonke ukuti inkosana kaMpande nguCetywayo, okwati namzukwana amaBhunu esebuyisela uMpande kwaZulu ekade ebalekele uDingane, abuza kuye ukuti "Iyipi inkosana yako kubo bonke laba abantwana bako na? UMpande wawakombisa uCetywayo amaBhunu ayesemsika indhlebe enza upau. Po-ke noma kwaziwa nguZulu wonke loko, inkos'enkulu yagcina ngokukucindezela pansi ukuba kungaqami. Ngani na? Ngoba okaMntungwa (uMonase) intombi yakwa Nxumalo yamzalela uMbuyazwe nomfo wabo uMantantashiya (bobabili ababe igugu kuyise) etsho nangomlomo lapa ekuluma nabantu ati ngabakaTshaka eyona nkosi yake naye, ati nomuzi wakwaZulu lona akusiwo owake ngokaTshaka, ngalokoke ngoka Mbuyazwe ozelwe inkosikazi kaTshaka. Kanti ekusukeni pansi kwomuzi kaMpande, nguNgqumbazi yedwa, intombi yaka Mbonde kaTshana inkosikazi yona yodwa kaMpande eyatatwa nguTshaka uqobo eyitatela umfowabo uMpande. Kwabe kunjalo, pela ukwenza kwamakosi amandulo, aoJobe wakwaMtetwa, naoMacingwane waesemaCunwini, naoTshaka noDingane baka Senzangakona, babebulala amadodana, ngoba beti funa kuvuke umbango alwe nabo oyise besekona. Nonina kaTshonkweni noSikota lona uMasala, kwaku intombi engumndhlunkulu kaDingane, kwati ngoba esetole isisu wanikwa yena uMpande wazala uTshonkweni. Bekwaziwa loko kwaZulu ukuti uTshonkweni noSikota ngabakaDingane ngenxa kanina. Kepa likona ipunga elitile elipakati kwaloko'kuluma kwasendhlunkulu kwokuti umuzi ngoba Mbuyazwe yena engoka Tshaka, akusiwo oka Cetywayo ngoba engokaMpande. Bati abaziyo inkosi yabe seikuluma loko ngoba yainxanele ukubeka uMtonga ongowakwa noMantshali, eyabe imtanda kakulu. Kutiwa yaikutsho nangomlomo loko, iti, bonke laba abakulu yabazala ingakabi inkosi, ukupela uMtonga eyamzi seidhla imiti yobukosi ofanele ukuba abe yinkosi. Nokubaqata loku abantwana bayo (oCetywayo noMbuyazwe) kutiwa yabe ikwenza ngaleyo ndhla osongati bapele bobabili, kona kuzakusala kume uMtonga endaweni yabo abuse uZulu.

27. Manje ake sibuyele empini yabelungu. Kwati uba ixotshwe njalo eyakwaZulu lapo eDudusini iyaqala ifika lapo ibe ingenise kona eyakubo nezinduna, uMuyamana indun'enkulu yempi yonke yamfunyana esekade ebalekile kanye nezinduna kwalahleka kona lapo nesihlandhla sempi, kwaba umhlola omubi nje loko kwakohlakala ukuti isihlandhla sona po silahleke kanjani. Eyabelungu leyoke eyabe iseDudusini eyaxotsha uZulu yabe ipetwe nguBrigadier General Wood (uLukani.) Kwasokuba ukwenyela kwayo njalo eyakwa Zulu. Emva kwaloko akubanga kusabako ukwonwaba nokuhlala kahle eNkosini, kwasale sekubonakala nje ukuti uZulu use ahlalekile. Bayileta-ke kaloku abelungu Mahlabatini, sebeqonde yona inkosi uqobo lwayo. Lapo inkosi yatumela amaNxusa okuya kutshweleza. Nabo abelungu bapendula emaNxuseni bati bayezwa nje, kodwa kabanalo izwi abangapendula ngalo amaNxusa. Kute kusenjalo lapa beseMfolozi begeza wesuka uZibhebhu kaMapita waya kubadubula. Watshaya abatile kuleyondawo ngoba pela wabe inembi ekwazi ukukomba. Bapendula abelungu lapo bati "yebo" sizwile siyakufika kusasa kinina" (bememeza) Lapo-ke inkosi yabata Inyanikaipuli (Izinkabi zayo ezimhlope) iti iyakutshweleza ngazo kubelungu. Kwa'uba zibutwe izinkabi kwesuka amabuto (uMcijo neNgobamakosi bazigwaza zonke bati "Akusenacala ukuba zidhliwe yiti kunokuba zinikwe abelungu sisekona. Uzwani-ke bayileta abelungu, bayiqondisa kona komkulu. Apuma amabuto ati ayahamba kawabe esenzela ndawo beza njalo abafo. Kutiwa-ke babepete ucweewe lapo ngoba beza njebelinganisene zabe zisatshaye kubo izinhlamvu zabakwa Zulu kwasimze kwaloku kuti qwa njalo. Wase uyagqibuka njalo uZulu. Inkosi yeqa yaponseka ehlanzeni nanso-ke seihamba njalo namabuto ayingcosana kanye nomdhlunkulu engakabiko uManz'olwandhle. Yahamba njalo yaqonda kwelisenhla yaya yafinyelela kwelika Mnyamana ngaseNgome, lapo yafike yacatsha kona emzini otile oshlotini; is'inoMkosana kaZangqwano wakwa Zungu njalo lapa. Bayifunake abelungu befuna ukuyibamba bahluleka. Kwaza kwafika induna enkulu ngesinye isikati uSir Garnet Wolseley (owabuye waba nguLord Wolseley), owaza waya wayitola lapo eNgome.

Uyinqaba evikela izita

UYINQABA EVIKELA IZITA

EZIHLASELA ISIKUMBA.

UZAM-BUK UQEDA UKUQAQAMBA KWEZILONDA NOMZIMBA OMUBI, NEZILONDA EZINGEHLISI BUTONGO KUZE KUSE QHU.

Isikumba emzimbeni yisona sihlase lwa ukufa esidinga umuti oqeda nya ongase welanyelwe njengoZam Buk.

UZam-Buk umuti nje w makambi owelanyelwa inyanga etile edumileyo. Mayelana namandhla awo, nokuhlanze ka kwawo uyibek'induku yonke imiti welapa nesifo esisesikumbeni somzimba, ngisho namafuta namanye ama kumbi angekweuze.

Pezu koba uZam-Buk etambisa uqwe qwe esilondeni, futi unamandhla ama kulu kepa uyinhlanganisela yamakambi nje ahlanzekileyo. Awelapi upilise izifo nezilonda kupela, ubuye ubulale ucoboze izilwanyana ezona zingena esilondeni; sokusikwa nesokudwetshwa nesizipihli keleyo.

Ngalendhlela uZam-Buk uyisihlangu sesikumba emzimbeni esivikela igazi umzimba omubi nezilonda ezesabekayo. Okukulu kunaloku ukufa kuti vate uhlumise amandhla emzimbeni umuntu ahambe ngonoqakala abheke pezulu.

UZam-Buk ungomnnye wemiti ema ngalisayo, uzungeza wonke umhlaba welapa uhlumisa amandhla. uhlaba nomxwele kubo bonke.

Akuko kaya elingati liyapila uma lingena dosha likaZam Buk otengiswa yibo bonke abatengisi ngos1. 6d. elinye ngo3s. 9d.

Ezika Kongolosi.

Igatsha laseNewcastle

Baba Mhleli,—NgoMasingana ziu25 kulonyaka (25-1-19) bekuhlangeue uKongolesi weGatsha laseNewcastle opu tume ukuza koMongameli weS. A N. N. C. uMr. S. M. Makgatho. Inhlangano yaqalisa ngeculo elahlatshwa nguMvg. S. Ngcobo nomtandazo ka Rev. Mr. Sitole. Kwafundwa incwadi yesaziso somhlangano neyapuma ku Mr. Dhlamini uP. waseUtrecht ezibika ukubambeka.

USihlalo wazisa inhlangano ngo Messrs. J. T. Gumede noC. S. Mabaso nokuti uMongameli akafikanga natike sesizozwa ngabo ukuti kungani.

Watata umfo kaMabaso ebonisa ukuma kwezinto lapa esilungwini nangokufika kwesilungu sicitisa isintu infikuba yaso yemvelo emihle; wangena na kwiLand Act ka1913 kuze kube manje, nokuti nati sifuna amalungelo etu nati njengomteto okona. Wabika ukuti uMongameli uputiswe ukungatoli isituba esihle abetanda kakulu ukuza isituba sivinjwe zindawo eziningi aziha mbelayo was'etuma bonke lapa.

Kwasukuma nMr. J. T. Gumede wa sekela amazwi esihlalo nakaMabaso ikakulu entshumayelo yokuwela nesinqumo sikaKongolese--16 Dec. 1918, nokuti naye usezamile ukuba uMongameli ahambe yonke indawo eshumayela indaba yokuwela.

NgoMessrs. R. Kumalo, Matunjwa abake babuza ukuti sinalo yini ilunge lo lokuya pesheya na? Kwabonakala ukuti sinalo ngoba iS. Africa Act,